



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2015

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-6. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayihlanganisi.
 3. Bhala izinombolo zemibuzo, wenze isiqiniseko sokuthi zihambisana nalezo ezisephepheni lokuhlolwa.
 4. Bhala ngesandla esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle nangobunono.
 5. Funda yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.
-

ISIQEPHU A IZINCWADI EZIFUNDWAYO**AMAQILI: P.B. MAPHUMULO**

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi enezigaba ezine kuya kwezinhlanu, ezinamagama aphakathi kwangama-250 kuya kwangama-300.

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa lokhu okulandelayo:

- Ukuhleleka kwe-eseyi.
- Ulimi oluhle nolunothile olusetshenziwe.
- Ukukhombisa ulwazi lwendaba engqikithini yakhe.
- Ukukhethwa kwamagama nokubhalwa kwawo.

UMBULO 1

QAPHELA Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo.
Phendula umbuzo 1.1 NOMA umbuzo 1.2.

1.1 Funda le ngxoxo ecashuniwe ezokusiza ukuphendula umbuzo ongezansi.

Nombuso:	(ngapha, uzwakala esocingweni) KuseMbali. NguNombuso Zimu lona okhulumayo. Ngingakusiza?
Simonyo:	(ngale, naye uzwakala esocingweni) Yisimonyo sakho lesi, umfo kaZondi silavulavu sami ... (uyahleka).
Nombuso:	(ngapha, uzwakala esocingweni ethakasile) Hawu bandla nguwe ngempela kanti? Hawu! Simonyo, sithandwa. Ngiyathokoza ukukhuluma nawe.
Simonyo:	(ngale, naye, uzwakala esocingweni, weneme) Awu! Nkosazane. Nami ngijabule into ongakaze uyizwe. Izwi lakho lingumculo omnandi ezindlebeni zami. Ewu! Uyazi ukuthini? Ngizizwa ngijabule ngendlela engingakaze ngiyizwe empilweni yami.
Nombuso:	(ngapha, uzwakala esocingweni) Woza nazo Simonyo sami. Kwangathi ungiphathele izindaba ezimnandi nje sithandwa sami?

Qhaza lini elibanjwe ngabantu besifazane ekuthuthukeni kwalo mdlalo? **Bhala i-eseyi** uphendule lo mbuzo. Phakathi kokunye bhekisa kulokhu:

- Ukuvezwa kwabalingiswa besifazane.
- Iqhaza labo.
- Umbono wakho ngokuthuthuka/ngokungathuthuki komdlalo.

NOMA

1.2 Funda le nkulumo ecashuniwe ezokusiza ukuphendula umbuzo ongezansi.

Umculo omfushane.

Kuzwakala umsindo wasesitokisini.

Njivana: (ukhuluma yedwa) Kudela yena owaziyo ukuthi kuqhubekani ngempela maqondana nalesi sinyikanyika sodaba engibhekene nalo. Kazi iyoza inkomoni inkosi impela? Ngilapha nje emva kwezihengqo zesitokisi, kungenxa kaSimonyo. Nokho linye elakhe. Ngithi mina, ngeke ziwele phansi izinyembezi zami ngalesi senzo sakhe sokungesulela ngecala. Ungishaye inkambabeyibuza ngempela. Ziyobuya lezo zinduku! Ngihleze ngizwa nje kuthiwa icala leqiwa endleleni, kodwa angikwazi lokhu mina. Ngike ngizwe futhi kuthiwa uNkulunkulu ubathanda bonke abantu bakhe, pho-ke nami futhi njengesidalwa sakhe, ebengeke esangitakula kulolu bishi olungaka engizethuke sengikulo kungenhloso yami?

'Incwadi *AMAQILI* ikhombisa kahle isimo sangempela sezwe lakithi ngamaphoyisa, izigebengu nezinkantolo.'

Bhala i-eseyi uvumelane **noma** uphikisane namazwi angenhla. Phakathi kokunye ubhekise kulokhu:

- Ukusebenza kwamaphoyisa nezinkantolo endabeni.
- Izigebengu endabeni.
- Umbono wakho oqhathanisa indaba nesimo ezweni.

[30]

ICOBELO: A.M. MTHEMBU NO N.A.P. KHUMALO

QAPHELA **Phendula umbuzo OWODWA kwelandelayo.**
Phendula umbuzo 2 NOMA umbuzo 3.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi eyikhasi nengxenywe kuya kwamabili enamagama aphakathi kwangama-300 kuya kwangama-350.

Impendulo yakho izomakwa kubhekiswe kulokhu:

- Isakhiwo nokuhleleka kwe-eseyi.
- Ulimi oluhle nokukhethwa kahle kwamagama.
- Ingqikithi yempendulo ekhombisa ulwazi lwendaba.
- Uhlaka olugqamile.

UMBUZO 2

'Isikhathi sobunzima siyafika sibuye sidlule.'

Bhala i-eseyi uveze ukuthi isitatimende esingenhla sihambelana kanjani nokwenzeka empilweni. Bhekisa endabeni eyodwa encwadini *ICOBELO*.

Sebenzisa lokhu:

- Isihloko sendaba obhala ngayo.
- Izehlakalo zendaba ezihambelana nesitatimende esicashuniwe.
- Umbono wakho nezibonelo zempilo.

[30]

NOMA**UMBUZO 3**

'Imfundo iguqula impilo ibengcono.'

Bhala i-eseyi ufakazele ukuthi isitatimende esingenhla sihambelana kanjani nokwenzeka empilweni. Bhekisa endabeni eyodwa encwadini *ICOBELO*.

Sebenzisa lokhu:

- Isihloko sendaba obhala ngayo.
- Ushintsho olwenziwe yimfundo kubalingiswa bendaba.
- Umbono wakho nezibonelo zempilo.

[30]

Amamaki angama-60

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa lokhu okulandelayo:

- Isakhiwo sombhalo.
- Ulimi oluhle, olunothile noluhambisana nezimiso zolimi.
- Inggikithi ekhombisa ulwazi lombhalo.
- Irejista, izethameli, ithoni nesitayela.

UMBUZO 4

Umzala wakho onguzinyobulala **waduba** ekhaya, akasaxhumani namuntu womndeni. Uhlala emjondolo (emkhukhwini). Mbhalele **incwadi** umncenge, ashintshe umqondo, abuyele ekhaya. **Ubude bencwadi bube ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180 lingabaliwe ikheli.**



[20]

UMBUZO 5

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa lokhu okulandelayo:

- Isakhiwo sombhalo.
- Ulimi oluhle, olunothile noluhambisana nezimiso zolimi.
- Inggikithi ekhombisa ulwazi lombhalo.
- Irejista, izethameli, ithoni nesitayela.

Imali yiyonanto ehamba phambili namuhla emasontweni nakwezombusazwe. Veza uvo lwakho ubhale indatshana yephephandaba (*newspaper article*). Faka nombono wakho ngalolu daba. **Ubude bombhalo bube ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.**

[20]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke ayi-100